

UDumisani ubhala indaba yephephabhuku lesikole.

Uxoxa nezingane zasesikoleni sakhe mayelana nezimo ezibhekane nazo ngesikhathi sobhubhane lweKhovidi.

Ukhuluma nabafundi ngesikhathi sekhefu.



“Wacabangani ngesikhathi uzwa ngegciwane leKhovidi okokuqala?” kubuza uDumisani.

“Abantu abaningi bakholelwa ukubona, hhayi ukuzwa. Ekuqaleni abanye babethi alikho leli gciwane,” kusho u-Moses.



U-Moses uyaqhubeka, “Abanye abantu bebangafuni ukulandela imigomo. Ngabatshela ukuthi sonke kufanele silandele imithetho yobhubhane lweKhovidi ngoba uma singayilandeli, igciwane ngeke liphele.”

“Ekhaya nasemphakathini wangakithi besiyilandela imithetho!” kungenela uZwanga.




UZwanga liwele lika-Moses. U-Moses ubuka uZwanga.

“Uqinisekile?” kubuza u-Moses.

“Angisho ukuthi wonke umuntu emphakathini, kodwa abanye babo!” kudaza inkani uZwanga.

Abafundi bahleka bonke. Kwakunjalo kubo bonke.



“Yayiminingi imithetho nemigomo!” kusho uZwanga ngokukhathazeka.

Uyaqhubeka, “Ungazithinti ubuso, ungazithinti ikhala, ungazithinti umlomo, ungagibeli ibhasi eligcwele. Geza izandla zakho, sebenzisa isibulala magciwane, faka isifonyo, asingasondelani...”

UZwanga uphelelwa ngumoya.



U-Moses wathi, “Ewu, uthaqa wezwe lo wokuqala ubunzima kakhulu!”

UDumisani ubuza iqembu, “Nibhekane kanjani nothaqa wezwe?”


UMpho uyaphendula, “Bekungekuhle neze! Ebesikwenza ukuhlala ekhaya sibuke umabonakude. Ekuqaleni wawungakwazi ngisho ukuphumela phandle.”



“Bekunzima ukutadisha ekhaya ngoba kunomsindo,” kusho uBusani.

“Bengingedwa. Bengifuna umuntu ozongichazela umsebenzi ebesiwunikezwa,” kusho uBongi.

“Nami bengibhekene nobunzima kakhulu emsebenzini wami wesikole,” kusho uMpho.



“Manje, kusho ukuthi nijabulile uma izikole sezivulwa?” kubuza uDumisani.

“Ukucabanga kwami ngokuphindela ekilasini kwakungukuthi akuphephile kahle ukuya esikoleni,” kuphendula u-Andzani.

U-Abdul uyavuma, “Thina bafundi sinokungayilandeli imigomo noma sikhohlwe.”




“Bengingacabangi ukuthi izikole kumele zivulwe,” kusho uBusani.

UMpho uthi, “Ngangijabule kakhulu ukubuyela ekilasini nasesikoleni.”

“Nami futhi!” kusho u-Moses, uZwanga uvuma ngekhanda.

“Yini ehlukile esikoleni manje?” kubuza uDumisani.



U-Moses uyaqala, “Yinye vo into eshintshile esikoleni ngenxa yobhubhane lweKhovidi, lokho kuyi...”

“... konke kushintshile!” uZwanga uqedela umusho kabhuti wakhe.

Abangani babo bayahleka futhi bayavuma. Yakhala insimbi yesikole, bese kuyisikhathi sokuyofunda.

## ——Imibuzo

1. Wacabangani ngesikhathi uzwa okokuqala ngegciwane leKhovidi? Chaza.
2. Chaza la magama ngendlela yakho: ubhubhane, faka isibulala magciwane, uthaqa wezwe.
3. Thola amagama endabeni asho okuphambene nalokhu: ukuphela, ukukhala, ukungabi nalutho, okungcono kakhulu.
4. Kungani kudingeka ukuthu sigeze izandla zethu ngaso sonke isikhathi?
5. Yimiphi imithetho isikole sakho esilindele ukuba uyilalele? Kungani ucabanga ukuthi ibalulekile?
6. Kusho ukuthini ukuthi ‘Yinye vo into eshintshile’?
7. Ucabanga ukuthi yini eyaqondisa uhulumeni ekutheni aphinde avule izikole?

Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona. Visit RX Radio